

Incwadi Yokuhlola

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

IBANGA

3

ITHEMU 1 & 2





Incwadi Yokuhlola

IBANGA 3 | ITHEMU 1 & 2

ISIZULU

Okuqukethwe

ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO: UMBONO JIKELELE	1
ITHEMU 1	9
IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 1	10
IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 1	18
UHLELO LOKUHLOLA LUKATHEMU 1	20
ITHEMU 2	29
IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 2	30
IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 2	37
UHLELO LOKUHLOLA LUKATHEMU 2	39
IBANGA 3 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS	47



Isivivinyo sokufunda ngomlomo okushelelayo: Umbono jikelele

Izilinganiso zeDBE Zokufunda Ngokushelelayo Ebangeni Lokuqala

Izilinganiso zeDBE ziyibeka icace imiphumela elindelekile ekupheleni konyaka wokufunda ngamunye:

Ulimi	Ekupheleni Kwebanga 1, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:	Ekupheleni Kwebanga 2, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:	Ekupheleni Kwebanga 3, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:
isiNdebele HL	40 uon	20 ien	35 ien
isiXhosa HL	40 uon	20 ien	35 ien
isiZulu HL	40 uon	20 ien	35 ien
Siswati HL	40 uon	20 ien	35 ien
Sepedi HL	40 uon	40 ien	60 ien
Sesotho HL	40 uon	40 ien	60 ien
Setswana HL	40 uon	40 ien	60 ien
Tshivenda HL	40 uon	35 ien	55 ien
Xitsonga HL	40 uon	30 ien	40 ien
Afrikaans HL	40 uon	50 ien	80 ien
isiZulu HL	40 uon	50 ien	70 ien
isiZulu FAL	n/a	30 ien	50 ien

uon = umsindo olungile ngomzuzu / ien = igama elilungile ngomzuzu

IBANGA 3 | ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO

I-NHLRP yesekela inhloso ye-DBE yokugunyaza othisha bakwazi ukwesekela abafundi ngokuqondile ekufundeni kwabo. Lokhu kwesekela kufaka isivivinyo zokufunda ngomlomo okushelelayo kweBanga 3 okulandelayo:

Ibanga / Ithemu	Imizuzwana engama-60 Ukufunda umsindo	Imizuzwana engama-60 Ukufunda Amagama	Imizuzuwana engama-60 / eyi-180 Ukufunda Isigaba	Imibuzo yokuqondisisa yomlomo
Ibanga 3 Ithemu 1	3.1.A (Imisindo engama-60)	3.1.B (Amagama angama-60)	3.1.C	3.1.D (Imibuzo eyi-8)
Ibanga 3 Ithemu 2	3.2.A (Imisindo engama-60)	3.2.B (Amagama angama-60)	3.2.C	3.2.D (Imibuzo eyi-8)
Ibanga 3 Ithemu 3	3.3.A (Imisindo engama-60)	3.3.B (Amagama angama-60)	3.3.C	3.3.D (Imibuzo eyi-12)
Ibanga 3 Ithemu 4	3.4.A (Imisindo engama-60)	3.4.B (Amagama angama-60)	3.4.C	3.4.D (Imibuzo eyi-12)

Ukulungisela Izivivinyo Zokufunda NgoMlomo OkuShelelayo

- Njalo ngethemu, uyothola amakhophi amabili esivivinyo ngasinye so-FMS.
 - Ikhophi kaThisha - lena ifaka inani lemisindo noma amagama ngomugqa.
 - Ikhophi yoMfundi - ibhalwe ngefonti nangobungako befonti obufanele.
- Lungisela ukuvivinya ngokulaminetha omabili amakhophi esivivinyo.
 - Lokhu kukuvumela ukubhala kukhophi kathisha, bese uyesula uphinde uyisebenzise.
 - Kuphinde kuvikele ikhophi yomfundi, ukuze isivivinyo esifanayo senziwe ngokuphindaphindiwe.
- Ngicela uqaphele: Amakhophi anxanye ezivivinyo zo-FMS anikeziwe njengengxenye yephakethe lamaKhadi okuFunda.



Izivivinyo ze-NHLRP zoFMS Ukuqonda indlela yokuqamba amagama

2.1.A - ukhomba **ibanga**

2.1.A - ukhomba **ithemu**

2.1.A - ukhomba **uhlobo lwesivivinyo:**
ukufunda umsindo

Ukubhalisa Isivivinyo SokuFunda ngoMlomo okuShelelayo

1. Hlalisa ikilasi phansi lenze umsebenzi wokubhala.
2. Biza umfundi ngamunye ngesikhathi eze kofunda.
3. Nika umfundi ikhophi yombhalo yomfundi.
4. Kala ngesibalisikhathi sesikhathi esinqunyiwe.
5. Tshela umfundi afunde umbhalo ephimisa uze ummise.
6. Tshela abafundi ukuba beqe imisindo / amagama angeke bakwazi ukuwafunda ngokushesha.
7. Kala ngesibalisikhathi bese ulalele umfundi efunda.
8. Ekhophini yombhalo elaminethiwe kathisha, sebenzisa indlela yokumaka 'ngechashazi' elisulekayo:
 - umsindo noma igama umfundi angalifundanga kahle
 - umsindo noma igama aleqayo umfundi
 - umsindo noma igama umfundi alifunda isikhathi esingaphezu kwemizuzwana emihlanu yokufunda
9. Emuva kwesikhathi esicacisiwe, tshela umfundi ukuba ame, bese uqaphele umsindo noma igama lokugcina elifundwa wumfundi.
10. Isivivinyo C, izivivinyo zokufunda izigaba, zenzelwe:
 - Ukufunda isigaba ngemizuzwana engama-60, noku
 - Funda isigaba ngemizuzwana eyi-180
11. Sebenzisa lezi zivivinyo kanje:
 - Singatha Isivivinyo C njengokujwayelekile ngemizuzwana engama-60 yokuqala.
 - Ngemizuzwana engama-60 yokuqala, lalala umfundi efunda ngokuphimisela bese ubhala icashaza kukhophi yakho yesivivinyo yalelo nalelo phutha elenziwe.
 - Emva kwemizuzwana engama-60, bhala igama lokugcina umfundi alifundile emizuzwini engama-60.
 - Sebenzisa le mininingwane njengemiphumela yesivivinyo C.
12. Bese, uvumela umfundi aqhubeke nokufunda isigaba sesivivinyo C ngemizuzwana eyi-120, noma aze afunde sonke isigaba.
13. Okulandelayo, sebenzisa Isivivinyo D ukuhlola ukuqondisisa komlomo komfundi.
 - Buza umfundi umbuzo ngamunye bese umlinda aphenhule.
 - Uma engaphenduli kungakadluli imizuzwana eyi-5-10, dlulela embuzweni olandelayo.
 - Uma umfundi engaqedanga ukufunda isigaba, mbuze kuphela imibuzo angakwazi ukuyiphendula.

Ukubala Ukufunda Okushelelayo

1. Bala isamba semiphumela engase itholwe umfundi.
 - Bheka ukuthi umfundi ugcine kuphi ukufunda – qaphela isamba semiphumela akwaze ukuyithola kulowo mugqa
 - Susa noma yimiphi imisindo noma amagama umfundi angawafundanga emgqeni wokugcina
 - Lokhu kungase kube yisamba semiphumela
2. Emuva kwalokho, susa isibalo samagama afakwe 'amachashazi' esambeni esingase sibe ngesemiphumela (amagama angafundwanga kahle, eqiwe noma afundwe isikhathi eside). Lokhu kukunika isamba semiphumela yomfundi.
3. Bhala isamba semiphumela yomfundi yethemu.

UThisha: Izilinganiso kanye nezivivinyo zo - FMS ziwusizo ngempela. Zinginikeza ukuqonda ngokucacile ukuthi yini ngempela abafundi bami okumele bayizuze kulo nyaka!



Ukurekhoda imiphumela yo-FMS

1. Uhlelo lufaka Amaphepha *Okurekhoda u-FMS*.
2. Amaphepha Okurekhoda e-NHLRP FMS adijithaili ayatholakala kuwebhusayithi ye-NECT.
3. Sebenzisa la maphepha ukurekhoda yonke imiphumela yo-FMS unyaka wonke.

Ukusebenzisa Amaphepha Emiphumela kanye naMafomu Okuhlaziya

1. Uhlelo luphinde lufake iFomu *Yokuhlaziya yo-FMS* yethemu ngayinye.
2. Lokhu kufanele kusetshenziswe ukubhala amaphutha abafundi ngenhloso yokulungisa.
 - Sebenzisa leli fomu ezigabeni zonke zokuvivinya.
 - Bhala icashaza kukholomu yokubala efanele ngaso sonke isikhathi uma umfundi enza iphutha.
 - Uma usuqedile ukwenza isivivinyo, hlanganisa izibalo zomsindo kanye negama ngalinye.
3. Beka phambili amaphutha aphindwe kaningi ukuze alungiswe kanje:
 - **Imisindo:** Fundisa kabusha lonke ikilasi lo msindo. Bese emasontweni alandelayo, qinisekisa ukufaka lowo msindo emisebenzini yokuhlanganisa, ukwehlukanisa kanye nokwakha amagama.
 - **Amagama:** Buyekeza imisindo esemagameni nekilasi lonke. Buyekeza ikhono lokuhlanganisa nekilasi lonke. Biza abafundi ngamunye bahlunganise futhi behlukane amagama. Emasontweni ambalwa alandelayo, gxila emisebenzini yokuhlanganisa nokwakha amagama.
 - **Ukufundwa kwesigaba:** Funda leyo mibhalo ngokuphindaphinda, kanje:
 - Fundela ikilasi umbhalo phezulu, lona lilandele ezincwadini zalo.
 - Funda umbhalo ngokuhlanganyela nekilasi, ubonise isivivinyo nendlela yokufunda.
 - Biza amaqembu ahlukene noma abafundi bazofundela phezulu ingxenye yombhalo.
 - Emasontweni ambalwa alandelayo, qhubeka ubeke phambili ukufunda ngokuphindaphinda imibhalo ehlukene.
 - **Ukuqondisisa ngomlomo:** Hlaziya inkinga bese uhlinzeka ukulungisa kanje:
 - Uma abafundi bengakwazi ukufunda sonke isigaba, noma benenselele ngamagama amaningi: Qhubeka nokwakha amakhono okudikhoda nokufunda ngokushelela. Fundisa abafundi ukufunda nokuhlanganisa imisindo, lolongela ukuhlanganisa nokwehlukanisa amagama, phindaphinda ukufundwa kwemibhalo.
 - Uma abafundi bengakuqondi okuqukethwe ezigabeni: Gxila ekwakheni ulwazimagama nolwazi lwangaphambilini. Fundela ikilasi lakho izindaba eziningi kangangokwenza.
 - Uma abafundi bekwazi ukulandela futhi baqonde isigaba kodwa bengakwazi ukuphendula imibuzo: Gxila ekufundiseni amakhono okuqondisisa ngesikhathi sokufunda ngokwabelana. Banike incazelo yombuzo. Babonise ukuthi impendulo yombuzo itholakala kanjani. Nikeza abafundi amathuba amaningi okuzilolonga ekuphenduleni imibuzo ngomlomo.
4. Sebenzisa imiphumela ukuze uvuselele amaqembu akho Okufunda Ngamaqembu Okulawulwayo ekuqaleni kwethemu ngayinye.
 - Hlanganisa ndawonye abafundi abanamaphuzu aphakeme. La maqembu angabe makhudlwana.
 - Hlanganisa ndawonye abafundi abanamaphuzu aphansi kakhulu. Zama ukugcina lawa maqembu emancane ngangokunokwenzeka.
5. Landela imiphumela yomfundi ngamunye kuyo yonke ithemu.

IBANGA 3 | ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO

- Bhala amaphuzu omfundi ngamunye ezivivinyweni zethemu ngayinye.
 - Bhala abafundi abangathuthuki noma abasala emuva.
 - Kuzodingeka uchithe isikhathi esengeziwe nalaba bafundi, usebenza ezingeni elifanele lokulungisa.
6. Qaphela isilinganiso sekilasi kuyo yonke ithemu. Uma ubona ukuntuleka kwentuthuko noma ukwehla okuvamile kwesilinganiso sekilasi, cabanga ngalokhu okulandelayo:
- Cabanga ngesikhathi sokufundisa esilahlekile noma esiphazamisekile phakathi nethemu. Khumbula ukubeka phambili imisebenzi yokufunda kusenesikhathi.



ITHEMU 1





Izivivinyo zoFMS zeThemu 1

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.1.A

Ikhophi kaThisha

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

I	m	N	o	u	nk	Nq	ns	Nt	Nx	10
M	O	c	F	g	DI	qh	Sh	Xh	gq	20
H	j	K	p	q	Nw	ny	Nz	Md	Mf	30
A	B	d	e	i	Ng	Dw	gw	Ny	hw	40
Ng	mg	mc	Nd	Nj	C	F	g	H	j	50
HI	kw	KI	cw	Tsh	Mb	mh	mj	MI	mn	60

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Isivivinyo 3.1.A Ikhophi yoMfundi									
I	m	N	o	u	nk	Nq	ns	Nt	Nx
M	O	c	F	g	DI	qh	Sh	Xh	gq
H	j	K	p	q	Nw	ny	Nz	Md	Mf
A	B	d	e	i	Ng	Dw	gw	Ny	hw
Ng	mg	mc	Nd	Nj	C	F	g	H	j
HI	kw	KI	cw	Tsh	Mb	mh	mj	MI	mn

IBANGA 3 | IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 1

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Isivivinyo 3.1.B Ikhophi kaThisha Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60										
dala	lima	lana	ona	mila	inkosi	nquma	insila	intaba	inxele	10
lamula	lobola	cimela	funana	godola	amadlelo	qhaqhani	shumayela	xhumanisa	gcobisani	20
halela	jabula	jikela	popola	qulani	nwebani	inyanda	inzondo	umdabu	umfundi	30
baba	bade	dada	beba	bila	ngenisisa	dwebisani	gwazanani	nyanyisa	hwebisisa	40
ingalo	umgodi	umcebo	indaba	unjani	cula	funa	gogo	huba	jula	50
hlokoza	ukwandisa	isiklabhu	cwilisani	isitshalo	umbukiso	umholo	umjovo	umlando	mnandi	60

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Isivivinyo 3.1.B Ikhophi yoMfundu									
dala	lima	lana	ona	mila	inkosi	nquma	insila	intaba	inxele
lamula	lobola	cimela	funana	godola	amadlelo	qhaqhani	shumayela	xhumanisa	gcobisani
halela	jabula	jikela	popola	qulani	nwebani	inyanda	inzondo	umdabu	umfundu
baba	bade	dada	beba	bila	ngenisisa	dwebisani	gwazanani	nyanyisa	hwebisisa
ingalo	umgodi	umcebo	indaba	unjani	cula	funa	gogo	huba	jula
hlokoza	ukwandisa	isiklabhu	cwilisani	isitshalo	umbukiso	umholo	umjovo	umlando	mnandi

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.1.C

Ikhophi kaThisha

Ukufunda passage / Imizuzwana engu-60 & 180

Ngesinye isikhathi uma sithukuthele, sifuna ukumemeza noma ukushaya into ethile. Uma sidumele singafuna ukuba sodwa sikhale.	6 14 16
Kulungile ukufunda futhi sazi amagama achaza imizwa yethu. Kunamagama achaza imizwa emihle nachaza imizwa emibi, njengothukuthela, ukusaba, ukujabula kanye nokunethezeka.	23 29 35 36
Uma singakhulumi ngemizwa yethu, singazithola sesingazizwa kahle ngokungaphezulu. Uma uxabene nomuntu, kubalulekile ukuthi uzame ukukhuluma ngakho. Buza lo muntu oxabene naye ukuthi yena uzizwa kanjani. Kungenzeka ukuthi uthukuthele noma kukhona okungekuhle okwenzeka ekhaya.	41 46 52 60 66 69
Uma sifuna ukuthi abantu bazizwe bejabule noma bazizwe besesimeni esihle, singakhuluma ngemizwa yethu sibabuze nangemizwa yabo. Singaphinda futhi sibange noma sibacele badlale nathi.	77 83 89 92

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.1.C

Ikhophi yoMfundi

Ngesinye isikhathi uma sithukuthele, sifuna ukumemeza noma ukushaya into ethile. Uma sidumele singafuna ukuba sodwa sikhale.

Kulungile ukufunda futhi sazi amagama achaza imizwa yethu. Kunamagama achaza imizwa emihle nachaza imizwa emibi, njengothukuthela, ukusaba, ukujabula kanye nokunethezeka.

Uma singakhulumi ngemizwa yethu, singazithola sesingazizwa kahle ngokungaphezulu. Uma uxabene nomuntu, kubalulekile ukuthi uzame ukukhuluma ngakho. Buza lo muntu oxabene naye ukuthi yena uzizwa kanjani. Kungenzeka ukuthi uthukuthele noma kukhona okungekuhle okwenzeka ekhaya.

Uma sifuna ukuthi abantu bazizwe bejabule noma bazizwe besesimeni esihle, singakhuluma ngemizwa yethu sibabuze nangemizwa yabo. Singaphinda futhi sibange noma sibacele badlale nathi.



NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.1.D

Ikhophi kaThisha

Imibuzo eyi-8 yokuqondisisa yomlomo

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

1. Yini esingafuna ukuyenza uma sithukuthele?

Impendulo: ukumemeza noma ukushaya into ethile

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

2. Yini esingafuna ukuyenza uma sidumele?

Impendulo: Ukuba sibe sodwa noma sikhale

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

3. Yimaphi amagama amabili esingawasebenzisa ukuchaza umuzwa omuhle?

Impendulo: ukujabula, ukunethezeka

Uhlobo lwemibuzo: Okucatshangwayo

4. Kungani ucabanga ukuthi kungaba into enhle ukukhuluma ngemizwa yethu?

Impendulo yomfundi uqobo: uma singakhulumi ngakho, singazithola sesingazizwa kahle ngokungaphezulu/ inkinga ngeke ibe ngcono, njll.

Uhlobo lwemibuzo: ukuGuqula nokuHlanganisa

5. Kungani ucabanga ukuthi kungaba kuhle ukubuza omunye umuntu ukuthi uzizwa kanjani?

Impendulo yomfundi uqobo: Mhlawumbe bathukuthele / banokuthile okungekuhle okwenzeka ekhaya/ abathandi ukulwa nawe, njll.

Uhlobo lwemibuzo: Okucatshangwayo

6. Yiziphi ezinye izinto esingazenza ukuze omunye umuntu azizwe ejabulile?

Impendulo: Babuze ukuthi bazizwa kanjani, balalele, bange, bacele badlale nawe.

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

7. Yimaphi amagama asetshenziswe endabeni ukuchaza imizwa?

Impendulo: ukuthukuthela, ukudumala, kahle, kabi, ukuthuka, ukujabula, ukunethezeka

Uhlobo lwemibuzo: ukuHlaziya nokuCubungula

8. Ucabanga ukuthi kungumbono omuhle ukukhuluma ngemizwa? Kungani noma kungani kungenjalo?

Impendulo yomfundi uqobo – Kumele yesekelwe.



Ifomu lokuHlaziya leThemu 1

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Ibanga 3 Ithemu 1

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 3.1.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 3.1.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
I			dala		
m			lima		
N			lana		
o			ona		
u			mila		
nk			inkosi		
Nq			nquma		
ns			insila		
Nt			intaba		
Nx			inxele		
M			lamula		
O			lobola		
c			cimela		
F			funana		
g			godola		
DI			amadlelo		
qh			qhaqhani		
Sh			shumayela		
Xh			xhumanisa		
gq			gcobisani		
H			halela		
j			jabula		
K			jikela		
p			popola		
q			qulani		
Nw			nwebani		
ny			inyanda		
Nz			inzondo		
Md			umdabu		
Mf			umfundi		

IBANGA 3 | IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 1

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Ibanga 3 lthemu 1 Ifomu lokuHlaziya					
Imisindo 3.1.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 3.1.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
A			baba		
B			bade		
d			dada		
e			beba		
i			bila		
Ng			ngenisisa		
Dw			dwebisani		
gw			gwazanani		
Ny			nyanyisa		
hw			hwebisisa		
Ng			ingalo		
mg			umgodi		
mc			umcebo		
Nd			indaba		
Nj			unjani		
C			cula		
F			funa		
g			gogo		
H			huba		
j			jula		
HI			hlokoza		
kw			ukwandisa		
KI			isiklabhu		
cw			cwilisani		
Tsh			isitshalo		
Mb			umbukiso		
mh			umholo		
mj			umjovo		
MI			umlando		
mn			mnandi		



Uhlelo Lokuhlola

Ibanga 3 Ithemu 1

I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlolo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 1

ISAKHI	IMISEBENZI
 Ukulalela nokukhuluma	Ubamba iqhaza engxoxweni. Ubuza imibuzo. Ukhombisa uzwelo emizweni yabanye.
 Imisindo	Wenza amagama ngongwaqa ababhanqene. Uhlunga amagama awabeke ngohlelo lwe-alfabheti.
 UkuFunda nokuQondisisa	Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe. Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya. Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa. Ukhombisa amakhono okuqonda, afaka: Okwempela, Ukuhlawumbisela, Ukulandelanisa, Isiphetho noKuhlola.
 Ukubhala ngesandla	Ukopisha futhi abhale amagama nemisho emifishane ngombhalo uhlangene noma ngokubhala uhlanganisa.
 Ukubhala	Bhala izigaba ezi-2 zemisho okungenani eyisi-8 yesihloko.

ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- Le misebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.
- Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP ze-FMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.
- Le misebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.



Ukulalela nokukhuluma

Ubamba iqhaza engxoxweni.
 Ubuza imibuzo.
 Ukhombisa uzwelo emizweni yabanye.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngesikhathi sesifundo sangoLwesihlanu sokuLalela nokuKhuluma, noma ngasiphi isikhathi kusuka eSontweni 5–8.
- Hlalisa abafundi ngamaqembu amancane (abafundi aba-3–4).
- Bhala uhlaka lwengxoxo olusuka oHlelweni lokuFundisa ebhodini futhi uluchazele abafundi.

Le ndaba ibimayelana...

Ngimthandile umlingiswa...ngoba...

Ngifunde ukuthi...

Imibandela

Tshela abafundi ukuthi kufanele benze lokhu:

- Shintshanani ukuphendula umbuzo ngamunye
- Lalelani izimpendulo nokuphawula komunye komunye
- Buza imibuzo noma aphawule ngenkathi umuntu ngamunye esebe nalo ithuba lokuphendula

Ukwenza

- Hamba uzungeze ulalele amaqembu ama-2–3 esifundweni ngasinye.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubriki elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ubamba iqhaza engxoxweni	Umfundi uyathula futhi/noma uyaphazamiseka. Umfundi akenzi imizamo ukubamba iqhaza engxoxweni yeqembu.	Umfundi uyathula futhi/noma uyaphazamiseka. Umfundi uyenza kancane imizamo ukubamba iqhaza engxoxweni yeqembu.	Umfundi uvame ukuba khona ezingxoxweni. Umfundi wenza imizamo emihle ukubamba iqhaza engxoxweni yeqembu.	Umfundi ukhona futhi uphapheme ezingxoxweni. Umfundi ubamba iqhaza engxoxweni yeqembu.
Ubuza imibuzo	Umfundi akenzi imizamo yokubaza imibuzo efanele nenomqondo. Noma, umfundi uyaphazamisa futhi ubuza imibuzo ephumile emqondweni.	Umfundi wenza imizamo yokubaza imibuzo kodwa ayifaneli futhi ayinamqondo.	Umfundi ubuza imibuzo efanele kaningana.	Umfundi ubuza imibuzo efanele nenomqondo.
Ukhombisa uzwelo kwabanye	Umfundi akawalaleli amalungu eqembu, ukhuluma ngaphezu kwawo futhi uyayichitha imibono yabanye. Umfundi akaphenduleli iqembu kahle.	Umfundi uvame ukuwalalela amalungu eqembu, kodwa kwesinye isikhathi ukhuluma ngaphezu kwawo. Umfundi uvame ukuphendulela iqembu kahle.	Umfundi uvame ukuwalalela amalungu eqembu, futhi akakaze akhulume ngaphezu kwawo. Umfundi kwesinye isikhathi uphendulela iqembu kahle.	Umfundi uvame ukuwalalela amalungu eqembu, futhi akakaze akhulume ngaphezu kwawo. Umfundi kaningi uphendulela iqembu kahle.

**Imisindo (1)**

Wenza amagama ngongwaqa ababhanqene.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngeSonto 7 noma 8 ngenkathi yokuFunda ngamaQembu OkuLawulwayo.
- Bhala uhlu olulandelayo longwaqa ababhanqene ebhodini: ntsh, gcw, nc, ncw, nd, ndw, nk, nkw, nq, nqw
- Tshela abafundi ukuthi bakhe amagama amaningi besebenzisa ongwaqa ababhanqene.
- Nikeza abafundi imizuzu emi-5 kulo msebenzi.
- Qoqa izincwadi zabo uzimake ubale amagama akhiwe ngokufanele.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa imemorandamu elandelayo.

IMemorandamu / Izimpendulo

Nikeza abafundi amamaki kufike kuma-20 njengokulandelayo:

- Imaki eli-1 ngegama eliyilo elibhaliwe kufaka ongwaqa ababhanqene.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

Inombolo yamagama abhalwe kahle	IZINGA
1 – 5	1
6 – 10	2
11 – 15	3
15 – 20	4

**Imisindo (2)**

Lungisa amagama ngokohlelo lwe-alfabethi.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngesikhathi sesifundo semisindo sangoLwesithathu lweSonto 6 noma 7.
- Bhala uhlu lwamagama ayisi-8 ebhodini, uqale ngezinhlamvu ezahlukeni ze-alfabethi. Isib.
 - 1.inja
 - 2.amakati
 - 3.idube
 - 4.mnandi
 - 5.usiba
 - 6.igundane
 - 7.ihabhula
 - 8.inkabi

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

- Tshela abafundi ukuthi bahlunge amagama ngokohlelo lwe-alfabheti bese bewabhala
- ezincwadini zabo kusuka ku-1-8.
- Chaza ukuthi kumele bakwenze lokhu ngokusebenzisa izinhlamvu ze-alfabheti – qala ubheke uma kunegama eliqala ngo 'a' ulibhale phansi, njalunjalo.
- Qoqa izincwadi zabo uzimake bese ubala inani lamagama abekwe ngokufanele ngohlelo lwe-alfabheti.
- Isib.
 1. amakati
 2. idube
 3. igundane
 4. ihabhula
 - 5.inja
 6. inkabi
 7. mnandi
 8. usiba
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa imemorandamu elandelayo.

IMemorandamu / Izimpendulo

- Nikeza imaki eli-1 igama ngalinye elibekwe ngohlelo lwe-alfabheti ngokufanele.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

Inani lamagama abekwe ngohlelo olufanele	IZINGA
1 – 2	1
3 – 4	2
5 – 6	3
7 – 8	4



Ukufunda

Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe.

Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya.

Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa ngeSonto 7 noma ngeSonto 8.
- Ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu Okulawulwayo biza ilunga ngalinye leqembu ukuba lize kuwe lizofunda.
- Cela umfundi ukuba afunde umbhalo 'wokuFunda Kuzwakale' woLwesihlanu lweSonto 6 noma 7 eNcwadini yokuFunda eYisisekelo.

Ukwenza

- Biza abafundi ngamunye bazokufundela kuzwakale.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Amakhono okudikhoda	Umfundi udinga ukwesekwa okuningi ngemisindo kusuka kuthisha ukuze afunde igama angalazi. Umfundi unobunzima ukuhlukanisa amagama ngamalunga noma ngemisindo.	Umfundi uyazama ukusebenzisa imisindo ukufunda amagama angawazi kodwa udinga ukwesekwa uthisha. Umfundi uyakwazi ukuhlukanisa amagama ngamalunga nangemisindo esekwa uthisha.	Umfundi uxoxa cishe yonke indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho kucacile.	Umfundi uxoxa indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho kucacile futhi kuyathandeka.
Amagama avame kakhulu	Umfundi wazi ambalwa amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amanye amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amaningi amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi onke amagama avame kakhulu afundisiwe.
Ukushelela nokuveza imizwa.	Umfundi uba namakhefana, weqa amagama futhi ufunda abale amagama. Umfundi akanakekeli indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokubala amagama. Umfundi unokuncane noma akanakho ukunakekela indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokushelelayo enakho ukukhombisa imizwa.	Umfundi ufunda umbhalo ngokushelelayo ekhombisa kahle imizwa.

**Ukuqondisisa**

Ukhombisa amakhono okuqonda, afaka: Okwempela, Ukuhlawumbisela, Ukulandelanisa, Isiphetho noKuhlola.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusuka eSontweni 4 kuya eSontweni 7.
- Sebenzisa indaba eseQoqweni lezindaba yesonto eledlule.
- Hlela ikilasi ukuze lenze umsebenzi obhalwayo.
- Bese, ubiza abafundi ngamunye beze edeskini lakho bazokwenza isivivinyo.
- Cela abafundi baphendule 1–2 komunye walezi nhlobo ezilandelayo zemibuzo mayelana nombhalo:

Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.

1. Who...?
2. Yini...?
3. Nini...?
4. Kanjani...?
5. Kuphi...?

Hlawumbisela

1. Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ngokulandelayo? Kungani?
2. Ucabanga ukuthi indaba izophetha kanjani? Kungani?

Landelanisa

1. Kwenzekeni ekuqaleni kwendaba?
2. Kwenzekeni ekugcineni kwendaba?
3. Kwenzekani ekuqaleni ngemuva...?
4. Kwenzekeni kuqala:... noma...?

Okucatshangwayo

1. Yini ongaphetha ngayo mayelana... kusukela...?
2. Ucabanga kanjani...?
3. Kungani ucabanga...?

Ukuhlaziya

1. Ucabanga ukuthi bekuyinto efanele ukuyenza? Kungani noma kungani kungenjalo?
2. Ucabanga ukuthi bekuyinto engafanele ukwenziwa? Kungani noma kungani kungenjalo?
3. Ungakwazi ukuhlaziya izenzo (zomlingisi)?

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane	Umfundi unenkinga yokukhumbula imininingwane esendabeni, nanoma ekhuthazwa.	Umfundi ukhumbula kahle eminye imininingwane esendabeni, uma ekhuthazwa kokunye.	Umfundi uyikhumbula kahle imininingwane eminingi esendabeni, uma ekhuthazwa kokunye.	Umfundi ukhumbula kahle yonke imininingwane esendabeni uma ekhuthazwa kokunye.
Ukuhlawumbisela	Umfundi unenkinga yokuhlawumbisela ngokwanele.	Umfundi uyakwazi ukuhlawumbisela ngokwanele uma esizwa uthishela.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo kodwa unobunzima ukucacisa impendulo.	Umfundi wenza ukuhlawumbisela okukahle futhi uyayicacisa impendulo.
Landelanisa	Umfundi unobunzima ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, ngisho noma esekwa.	Umfundi uyakwazi ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, esekwa.	Umfundi ulandelanisa kahle izigameko ezisembhalweni kodwa kumthatha isikhathi.	Umfundi ukwazi ukulandelanisa ngokufanele nangokushesha zonke izehlakalo embhalweni.
Okuca-tshangwayo	Umfundi unobunzima ukwenza iziphetho mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngisho noma esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezifanele mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.
Ukuhlaziya	Umfundi unenkinga yokuhlaziya ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, nanoma esizwa.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya ngokwanele ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, uma esizwa.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya ngokwanele ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, ngaphandle kosizo.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya kahle ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, ngaphandle kosizo.



Ukubhala ngesandla

Ukopisha futhi abhale amagama nemisho emifishane ngombhalo uhlangene noma ngokubhala uhlanganisa.

Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sosifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Qaphela ikhono lomfundi ngamunye ukwakha izinhlamvu ezihlanganisiwe ngendlela, ukulawula ubungako nokwehlukani swa kwamagama, kanye nokubhala ngesivini esihle.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukwakheka kwezinhlamvu ezihlanganisiwe.	Umfundi uvame ukwehluleka ukukhumbula izindawo zokuqala ezilungile kanye nezindlela. Izinhlamvu eziningi zokuhlanganisa zakheke kabi noma ngokungafanele.	Umfundi ngesinye isikhathi uyehluleka ukukhumbula indawo efanele yokuqala nendlela. Ezinye izinhlamvu zokuhlanganisa zakheke kabi noma ngokungafanele.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu ezincane zibumbeke kahle kodwa kufanele kuqashelwe ubunono.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu zokuhlanganisa zakheke kahle futhi ngobunono.
Ukukopisha imisho	Umfundi ubhala kancane futhi unenkinga yokuqedela imisho. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama akuhambisani.	Umfundi uyayiqedela imisho kodwa kunamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kwesinye isikhathi akuhambisani.	Umfundi uyayiqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kaningi kuyahambisana.	Umfundi uyayiqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kuyahambisana.


Ukubhala

Bhala izigaba ezi-2 zemisho okungenani eyisi-8 yesihloko.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zokuBhala emaSontweni 5 ne-6.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ekugcineni kwesifundo sangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi uyozihlola.
- Hlola umfundi ngamnye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuzicabangela	Umbono kunzima ukuwuqonda noma akuwona owangempela – kukopishwe isibonelo sikathisha.	Umbono uyaqondakala futhi owokuzicabangela, yize ufana nesibonelo.	Umbono owakhe uqobo futhi uzicabangele.	Umbono owakhe uqobo, uzicabangele futhi unobuciko.
Ubude nesakhiwo	Umfundi ubhale imisho engaphansi kwemi-3 elungile. Imisho ayakhiwe yahleleka ngokufanele ukwenza izigaba ezi-2.	Umfundi ubhale imisho emi-3–4 elungile. Imisho ayihlelekile ngokufanele ukwenza izigaba ezi-2.	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-5–6. Imisho ihleleke kahle ngezigaba ezi-2.	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-7 noma ngaphezulu. Imisho ihleleke kahle ngezigaba ezi-2.
Izimpawu zokubhala	Umfundi unobunzima ukusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, ngisho esekwa.	Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, kodwa usenobunzima kwezinye izimpawu.	Umfundi uvamile ukusebenzisa zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.	Umfundi ngokuvamile usebenzisa zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe.
Ubufakazi benqubo yokubhala	Buncane ubufakazi bokuhlela, ukulungisa amaphutha noma ukushicilela.	Bukhona obunye ubufakazi bokuhlela.	Kunobufakazi obucacile bokuthi ukuhlela, ukulungiswa kwamaphutha kanye nokushicilela kusetshenzisiwe.	Kunobufakazi obucacile bokuthi ukuhlela, ukulungiswa kwamaphutha kanye nokushicilela kusetshenzisiwe ngempumelelo.



ITHEMU 2



Izivivinyo zoFMS zeThemu 2

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.2.A

Ikhophi kaThisha

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

b	l	C	e	n	i	F	u	d	M	10
S	T	o	M	N	a	q	p	k	j	20
I	b	d	A	m	J	K	E	n	c	30
x	y	B	C	w	r	v	O	U	z	40
P	ph	W	th	hl	kl	Y	gc	R	Z	50
gq	tsh	R	gc	ts	Q	gx	F	J	K	60

NHLRP FMS									
Ulimi: isiZulu									
Isivivinyo 3.2.A									
Ikhophi yoMfundi									
b	l	C	e	n	i	F	u	d	M
S	T	o	M	N	a	q	p	k	j
I	b	d	A	m	J	K	E	n	c
x	y	B	C	w	r	v	O	U	z
P	ph	W	th	hl	kl	Y	gc	R	Z
gq	tsh	R	gc	ts	Q	gx	F	J	K

NHLRP FMS											
Ulimi: isiZulu											
Isivivinyo 3.2.B											
Ikhophi kaThisha											
Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60											
yehla	gubha	khula	dlala	dlala	dlala	khahlela	gibela	bekezela	bikela	thumela	10
thethisa	casulile	buyekeza	kopishela	gadela	dwebela	idla	umdayisi	umthengisi	umbabazi	umbuzo	20
amakhabethe	imikhuhlane	amabululu	ekhasini	isikhumulo	ikha	idla	idla	siza	ziba	zula	30
bazibeni	babukele	banikeze	bacelele	bafuneni	umkhondo	cwecwa	cwilele	dlulisa	dlala	tshala	40
ukukhathala	ukukhuthala	busiseka	khusele	vikelani	vuka	dlula	dlula	qhathani	amaqhudeni	amaqhikiza	50
ukuxhwala	ukuqhanda	uqwembe	umqwebu	qhwanda	ukuqhuga	ubuqophololo	qhathani	amaqhudeni	amaqhikiza	amaqhikiza	60

NHLRP FMS										
Ulimi: isiZulu										
Isivivinyo 3.2.B										
Ikhophi yoMfundi										
yehla	gubha	khula	dlala	dlala	khahlela	gibela	bekezela	bikela	thumela	
thethisa	casulile	buyekeza	kopishela	gadela	dwebela	umdayisi	umthengisi	umbabazi	umbuzo	
amakhabethe	imikhuhlane	amabululu	ekhasini	isikhumulo	ikha	idla	siza	ziba	zula	
bazibeni	babukele	banikeze	bacelele	bafuneni	umkhondo	cwecwa	cwiile	ukuswela	utshwala	
ukukhathala	ukukhuthala	busiseka	khusele	vikelani	vuka	dlula	dlulisa	dlala	tshala	
ukuxhwala	ukuqhanda	uqwembe	umqwebu	qhwanda	ukuqhuga	ubuqophololo	qhathani	emaghudeni	amaqhikiza	

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.2.C

Ikhophi kaThisha

Ukufunda isigaba / Imizuzwana engama-60 & 180

Umndeni wami waya eholidini olwandle. Bengiqala ngqa ukuya olwandle. Ngenza izinto eziningi ezijabulisayo.	7 13
Ngabhukuda emagagasini, ngagubha esihlabathini, ngaqoqa amagobolondo ebhakedeni lami. Kodwa into engangiyithanda kakhulu amachibi amancane sonlwandle	17 23 28
“Amachibi amancane amanzi olwandle akheka ogwini olunamadwala lapho amagagasi ephuma. Lapho amagagasi ephansi, amanzi avaleleka emadwaleni futhi akhe izindawo zokuhlala ezincane zezilwane zasolwandle nezitshalo.	34 39 45 51 52
“Mina nodadewethu sathola izinto eziningi emachibini olwandle. Uthole inhlanzinkanyezi ebukhwebezane echibini elilodwa. Ngathola inkalankala ebomvu kwelinye. Sabona inqwaba yezinhlanzi, amagobolondo kanye nezimila zasolwandle.	58 63 69 74 76
“Sagijima sabuya sayokhombisa umama inhlanzinkanyezi. Udadewethu wathi, “Mama! Bheka! Amachibi olwandle afana nezindlu ezincane ngasolwandle.” “Yebo,” kusho uMama. “Kuyajabulisa ukuhlola, kodwa kufanele uqaphele ukuze ungalimazi izilwane noma amakhaya azo.”	81 86 92 98 105
“Sizoqaphela,” kusho mina kumama.	110
Usisi wami wezwa amanzi esizibeni. Wathi, “izilwane kumele ziqine ngoba namanzi ayashisa manje!” Ngathi, “Yebo, amanzi ayashisa manje kodwa azobanda uma amanzi ebuya.”	118 125 132 134

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.2.C

Ikhophi yoMfundi

Umndeni wami waya eholidini olwandle. Bengiqala ngqa ukuya olwandle. Ngenza izinto eziningi ezijabulisayo. Ngabhukuda emagagasini, ngagubha esihlabathini, ngaqoqa amagobolondo ebhakedeni lami. Kodwa into engangiyithanda kakhulu amachibi amancane sonlwandle

“Amachibi amancane amanzi olwandle akheka ogwini olunamadwala lapho amagagasi ephuma. Lapho amagagasi ephansi, amanzi avaleleka emadwaleni futhi akhe izindawo zokuhlala ezincane zezilwane zasolwandle nezitshalo.

“Mina nodadewethu sathola izinto eziningi emachibini olwandle. Uthole inhlanzinkanyezi ebukhwebezane echibini elilodwa. Ngathola inkalankala ebomvu kwelinye. Sabona inqwaba yezinhlanzi, amagobolondo kanye nezimila zasolwandle.

“Sagijima sabuya sayokhombisa umama inhlanzinkanyezi. Udadewethu wathi, “Mama! Bheka! Amachibi olwandle afana nezindlu ezincane ngasolwandle.” “Yebo,” kusho uMama. “Kuyajabulisa ukuhlola, kodwa kufanele uqaphele ukuze ungalimazi izilwane noma amakhaya azo.” “Sizoqaphela,” kusho mina kumama. “

Usisi wami wezwa amanzi esizibeni. Wathi, “izilwane kumele ziqine ngoba namanzi ayashisa manje!” Ngathi, “Yebo, amanzi ayashisa manje kodwa azobanda uma amanzi ebuya.”



NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 3.2.D

Ikhophi kaThisha

Imibuzo eyi-8 yokuqondisisa yomlomo

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

1. Umndeni uye kuphi mhamaholidi?
Umndeni uye olwandle ngamaholidi.

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

2. Ingane iqoqele ini ebhakedeni?
Ingane iqoqele amagobolondo ebhakedeni.

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

3. Usisi uthole ini emachibini olwandle?
Usisi uthole inhlanzinkanyezi ebukhwebezane.

Uhlobo lwemibuzo: Okucatshangwayo

4. Lwalubaluleke ngani uhambo oluya olwandle enganeni?
Lwalubalulekile ngoba kwakuluhambo lwayo lokuqala oluya olwandle.

Uhlobo lwemibuzo: Okucatshangwayo

5. Kungani izingane zigijime zayokhombisa umama inhlanzi eyinkanyezi?
Bagijime bayokhombisa umama inhlanzi eyinkanyezi ngoba babejabule kakhulu ukuyithola.

Uhlobo lwemibuzo: ukuGuqula nokuHlanganisa

6. Yini izingane eziyifundile ngamachibi olwandle ngesikhathi zivakashela olwandle?
Bafunde ukuthi liyini ichibi lolwandle nokuthi kuhlalani phakathi echinini lolwandle.

Uhlobo lwemibuzo: ukuGuqula nokuHlanganisa

7. Kungani amachibi olwandle echazwe “njengamakhaya amancane olwandle”?
Amachibi olwandle achazwe njengamakhaya amancane olwandle ngoba angamakhaya ezilwane eziningi zolwandle.

Uhlobo lwemibuzo: ukuHlaziya nokuCubungula

8. Zizizwa kanjani zizngane ngokubona nokudlala emachibini olwandle? Nikeza incazelo yempendulo yakho.
Ngicabanga ukuthi izingane zizizwa zijabule ngokubona nokudlala emachibini olwandle ngoba ingane exoxa indaba ithe iyona nto eyithande kakhulu olwandle.



Ifomu lokuHlaziya leThemu 2

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Ibanga 3 Ithemu 2

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 3.2.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 3.2.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
b			yehla		
l			gubha		
C			khula		
e			dlala		
n			dlala		
i			khahlela		
F			gibela		
u			bekezela		
d			bikela		
M			thumela		
S			thethisa		
T			casulile		
o			buyekeza		
M			kopishela		
N			gadela		
a			dwebela		
q			umdayisi		
p			umthengisi		
k			umbabazi		
j			umbuzo		
l			amakhabethe		
b			imikhuhlane		
d			amabululu		
A			ekhasini		
m			isikhumulo		
J			ikha		
K			idla		
E			siza		
n			ziba		
c			zula		

IBANGA 3 | IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 2

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Ibanga 3 Ithemu 2 Ifomu lokuHlaziya					
Imisindo 3.2.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 3.2.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
x			bazibeni		
y			babukele		
B			banikeze		
C			bacelele		
w			bafuneni		
r			umkhondo		
v			cwecwa		
O			cwilile		
U			ukuswela		
z			ubutshwala		
P			ukukhathala		
ph			ukukhuthala		
W			busiseka		
th			khusela		
hl			vikelani		
kl			vuka		
Y			dlula		
gc			dlulisa		
R			dlala		
Z			tshala		
gq			ukuxhwala		
tsh			ukuqhwanda		
R			uqwembe		
gc			umqwebu		
ts			qhwanda		
Q			ukuqhuga		
gx			ubuqophololo		
F			qhathani		
J			emaqhudeni		
K			amaqhikiza		



Uhlelo Lokuhlola

Ibanga 3 Ithemu 2

I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlobo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 2:

ISAKHI	IMISEBENZI
 Ukulalela nokukhuluma	Wenza isethulo somlomo ukuchaza kanye nokuqhathanisa into (bonisa futhi uxoxe).
 Imisindo	Upela amagama ngokufanele esebenzisa ulwazi lwemisindo esivivinyweni kanye nasesibizelweni.
 UkuFunda nokuQondisisa	Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe. Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya. Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa. Uyalalela futhi asebenzise umbhalo uku: • Phendula imibuzo esobala mayelana neminingwane yombhalo • Phendula imibuzo evulelekile mayelana nombhalo, kufaka ukuhlawumbisela, okucatshangelwayo kanye nokuhlola. • Ulandelanisa izehlo zombhalo ngokufanele.
 Ukubhala ngesandla	Wakha bonke onhlamvana nosonhlamvukazi ngendlela efanele futhi ngokuzenzakalelayo embhalweni ohlanganisiwe noma ukubhala ngokuhlanganisa.
 Ukubhala	Ubhala indaba noma umbhalo wobuciko onemisho okungenani eli-10.

ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- Le misebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.
- Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP zo-FMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.
- Le misebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.



Ukulalela nokukhuluma

Wenza isethulo somlomo ukuchaza kanye nokuqhathanisa into (bonisa futhi uxoxe).

Umsebenzi

- Kwenze lokhu ngesikhathi sesifundo sokuLalela kanye nokuKhuluma ngoMsombuluko wesonto 4 ne-8.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

- Hlola umfundi ngamnye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuchazwa kwento	Umfundi uchaza ngokuqondile okukodwa okuphathekayo ngento. Noma, umfundi uchaza okubili okuphathekayo ngento kodwa akucacile ngokuphelele noma ngokunembayo.	Umfundi uchaza ngokuqondile okungenani okubili okuphathekayo ngento. Noma, umfundi uchaza okuthathu okuphathekayo ngento kodwa akucacile ngokuphelele noma ngokunembayo.	Umfundi uchaza ngokuqondile okungenani okubili okuphathekayo ngento.	Umfundi uchaza ngokunembayo okungenani okuthathu okuphathekayo ngento.
Injongo yento	Umfundi unenkinga yokuchaza injongo yento ngaphandle kosizo.	Umfundi uzama ukuchaza injongo yento, kodwa incazelo ishoda ngokucaciswa noma ukunemba.	Umfundi unikeza incazelo ecacile futhi enembayo ngenjongo yento.	Umfundi unikeza incazelo ecacile futhi ejulile ngenjongo yento.
Ukushelela	Umfundi ungabaza kaningana, uba nekhefu elide, noma aphinde okuningi osekushiwo.	Umfundi ungabaza izikhashana, kwesinye isikhathi ahlabe ikhefu, noma aphinde okunye osekushiwo.	Isuthulo somfundi kaningi siyashhelela, kubakhona ukungabaza kanye noma kabili, amakhefu noma ukuphindaphinda.	Isethulo somfundi siyashhelela futhi sinokuzethemba.



Imisindo

Upela amagama ngokufanele esebenzisa ulwazi lwemisindo esivivinyweni kanye nasesibizelweni.

Umsebenzi

- Yenza lokhu emaSontweni 2–7 ngesikhathi sezifundo Zomsindo ngoLwesihlanu.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Hlola isivivinyo sokupela nokubizela sesonto ngalinye njengokulandelayo:
 - Nika 1 imaki ngegama ngalinye kwama 5 apelwe ngokufanele. (izinga eliphezulu: 5)
 - Qala ngamamaki ayi-7 ngomusho wesibizelo. Susa 1/2 wamamaki ngephutha ngalinye. (Isilinganiso esiphezulu: 7)
 - Rekhoda imiphumela yesonto yomfundi ngamunye kumamaki ayi-12 esewonke angawathola.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Ukubala imiphumela yethemu.

- Hlanganisa imiphumela yomfundi ngamunye yezivivinyo ezi-6 sezizonke.
- Hlukanisa nge-6 ukuthola isilinganiso somfundi.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

Umpfumela omaphakathi	IZINGA
1 - 3	1
4 - 6	2
7 - 9	3
10 - 12	4



Ukufunda

Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe.

Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya.

Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa ngeSonto 7 noma ngeSonto 8.
- Ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu Okulawulwayo biza ilunga ngalinye leqembu ukuba lize kuwe lizofunda.
- Cela umfundi ukuba afunde umbhalo 'wokuFunda Kuzwakale' woLwesihlanu lweSonto 6 noma 7 eNcwadini yokuFunda eYisisekelo.

Ukwenza

- Biza abafundi ngamunye bazokufundela kuzwakale.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Amakhono okudikhoda	Umfundi udinga usizo olukhulu kuthishela ukuze afunde igama angalazi.	Umfundi uyazama ukusebenzisa imisindo ukufunda amagama angawazi kodwa udinga ukwesekwa uthisha.	Umfundi usebenzisa imisindo nokwehlukaniswa kwamalunga amagama ukuphumisela amagama angawazi, kodwa ngokuvamile udinga usizo ukuhlanganisa imisindo ibe igama.	Umfundi usebenzisa imisindo nokwehlukaniswa kwamalunga amagama ukuphumisela amagama angawazi, futhi ngokujwayelekile angakwazi ukuhlanganisa imisindo ibe igama.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukushelela nokuveza imizwa.	Umfundi uba namakhefana, weqa amagama futhi ufunda abale amagama. Umfundi akanakekeli indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokubala amagama. Umfundi unokuncane noma akanakho ukunakekela indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokushelelayo enakho ukukhombisa imizwa.	Umfundi ufunda umbhalo ngokushelelayo ekhombisa kahle imizwa.



Ukuqondisisa

Uyalalela futhi asebenzise umbhalo uku:

- Phendula imibuzo esobala mayelana neminingwane yombhalo
- Phendula imibuzo evulelekile mayelana nombhalo, kufaka ukuhlawumbisela, okucatshangelwayo kanye nokuhlola.
- Ulandelanisa izehlo zombhalo ngokufanele.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusuka eSontweni 4 kuya eSontweni 7.
- Sebenzisa indaba eseQoqweni lezindaba yesonto eledlule.
- Hlela ikilasi ukuze lenze umsebenzi obhalwayo.
- Bese, ubiza abafundi ngamunye beze edeskini lakho bazokwenza isivivinyo.
- Cella abafundi baphendule 1–2 komunye walezi nhlobo ezilandelayo zemibuzo mayelana nombhalo:

Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.

1. Ngubani...?
2. Yini...?
3. Nini...?
4. Kanjani...?
5. Kuphi...?

Hlawumbisela

1. Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ngokulandelayo? Kungani?
2. Ucabanga ukuthi indaba izophetha kanjani? Kungani?

Landelanisa

1. Kwenzekeni ekuqaleni kwendaba?
2. Kwenzekeni ekugcineni kwendaba?
3. Kwenzekani ekuqaleni ngemuva...?
4. Kwenzekeni kuqala... noma...?

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Okucatshangwayo

1. Yini ongaphetha ngayo mayelana... kusukela...?
2. Ucabanga kanjani...?
3. Kungani ucabanga...?

Ukuhlaziya

1. Ucabanga ukuthi bekuyinto efanele ukuyenza? Kungani noma kungani kungenjalo?
2. Ucabanga ukuthi bekuyinto engafanele ukwenziwa? Kungani noma kungani kungenjalo?
3. Ungakwazi ukuhlaziya izenzo (zomlingisi)?

Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubriki elandelayo.

IRUBRIKI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.	Umfundi unenkinga yokukhumbula imininingwane esendabeni, nanoma ekhuthazwa.	Umfundi ukhumbula kahle eminye imininingwane esendabeni, uma ekhuthazwa kokunye.	Umfundi uyikhumbula kahle imininingwane eminingi esendabeni, uma ekhuthazwa kokunye.	Umfundi ukhumbula kahle yonke imininingwane esendabeni uma ekhuthazwa kokunye.
Ukuhlawumbisela	Umfundi unenkinga yokuhlawumbisela ngokwanele.	Umfundi uyakwazi ukuhlawumbisela ngokwanele uma esizwa uthishela.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo kodwa unobunzima ukucacisa impendulo.	Umfundi wenza ukuhlawumbisela okukahle futhi uyayicacisa impendulo.
Landelanisa	Umfundi unobunzima ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, ngisho noma esekwa.	Umfundi uyakwazi ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, esekwa.	Umfundi ulandelanisa kahle izigameko ezisembhalweni kodwa kumthatha isikhathi.	Umfundi ukwazi ukulandelanisa ngokufanele nangokushesha zonke izehlakalo embhalweni.
Okucatshangwayo	Umfundi unobunzima ukwenza iziphetho mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngisho noma esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezifanele mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuhlaziya	Umfundi unenkinga yokuhlaziya ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, nanoma esizwa.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya ngokwanele ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, uma esizwa.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya ngokwanele ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, ngaphandle kosizo.	Umfundi uyakwazi ukuhlaziya kahle ngomlingiswa noma isigameko esisendabeni, ngaphandle kosizo.



Ukubhala ngesandla

Wakha bonke onhlamvana nosonhlamvukazi ngendlela efanele futhi ngokuzenzakalelayo embhalweni ohlanganisiwe noma ukubhala ngokuhlanganisa.

Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sosifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Qaphela ikhono lomfundi ngamunye ukwakha izinhlamvu ezihlanganisiwe ngendlela, ukulawula ubungako nokwehlukaniswa kwamagama, kanye nokubhala ngesivini esihle.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukwakheka kwezinhlamvu ezihlanganisiwe	Umfundi uvame ukwehluleka ukukhumbula izindawo zokuqala ezilungile kanye nezindlela. Izinhlamvu eziningi zokuhlanganisa zakheke kabi noma ngokungafanele.	Umfundi ngesinye isikhathi uyehluleka ukukhumbula indawo efanele yokuqala nendlela. Ezinye izinhlamvu zokuhlanganisa zakheke kabi noma ngokungafanele.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu ezincane zibumbeke kahle kodwa kufanele kuqashelwe ubunono.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu zokuhlanganisa zakheke kahle futhi ngobunono.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukukopisha imisho	Umfundi ubhala kancane futhi unenkinga yokuqedela imisho. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama akuhambisani.	Umfundi uyayiqedela imisho kodwa kunamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kwesinye isikhathi akuhambisani.	Umfundi uyayiqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kaningi kuyahambisana.	Umfundi uyayiqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kuyahambisana.



Ukubhala

Ubhala indaba noma umbhalo wobuciko onemisho okungenani eli-10.
Ufunda aphinde azihlelele umbhalo wakhe.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zokuBhala emaSontweni 3 ne-4.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ekugcineni kwesifundo sangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi uyozihlola.
- Hlola umfundi ngamnye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuzicabangela	Umbono kunzima ukuwuqonda noma akuwona owangempela – kukopishwe isibonelo sikathisha.	Umbono uyaqondakala futhi owokuzicabangela, yize ufana nesibonelo.	Umbono owakhe uqobo futhi uzicabangele.	Umbono owakhe uqobo, uzicabangele futhi unobuciko.
Ubude nesakhiwo	Umfundi ubhale imisho elungile engaphansi kwe-4. Imisho ayihlelekile kahle ngezigaba ezi-2	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-5–6. Imisho ayihlelekile kahle ngezigaba ezi-2	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-7–8. Imisho ihleleke kahle ngezigaba ezi-2.	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-9 noma ngaphezulu. Imisho ihleleke kahle ngezigaba ezi-2.

IBANGA 3 | UHLELO LOKUHLOLA

Izimpawu zokubhala	Umfundi unobunzima ukusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, ngisho esekwa.	Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, kodwa usenobunzima kwezinye izimpawu.	Umfundi uvamile ukusebenzisa zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.	Umfundi ngokuvamile usebenzisa zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe.
Ubufakazi benqubo yokubhala	Buncane ubufakazi bokuhlela, ukulungisa amaphutha noma ukushicilela.	Bukhona obunye ubufakazi bokuhlela.	Kunobufakazi obucacile bokuthi ukuhlela, ukulungiswa kwamaphutha kanye nokushicilela kusetshenzisiwe.	Kunobufakazi obucacile bokuthi ukuhlela, ukulungiswa kwamaphutha kanye nokushicilela kusetshenzisiwe ngempumelelo.

IBANGA 3 | IBANGA 3 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS[illegible]

IBANGA 3 | IBANGA 3 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS

[illegible]



NHLRP | National Home Language Reading Programme “